**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALU UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WE-EPWP LEARNERSHIP, MHLAKA 12 NOVEMBER 2010**

Mphathi Wohlelo;
INhloko yoMnyango Mnuz Chris Hlabisa;
I-CEO yakwa-CETA uMnuz Sam Ngcongo;
I-MANCO nabo bonke abasebenzi boMnyango abakhona;
Abamele imiNyango ehlukene;
Amalunga oMkhandlu wesifundazwe kaZibambele;
Izihlobo zabafundi;
Abafundi bonke;
Bafowethu nodadewethu ngiyanibingelela nonke.

Namhlanje usuku lokuba sizobungaza ngokuhlanganyela impumelelo kaHulumeni wethu yokweseka leyo miphakathi enomlando wokuncishwa amathuba ngaphambilini ukuba ikwazi ukuzimela manje futhi ibe ingxenye yokukhula komnotho wesifundazwe sethu njengezakhamizi zaseNingizimu Afrika. Ngakho-ke lo mcimbi wosonkontileka bakaZibambele abebefunda ngaphansi kohlelo lwama-learnership e-Expanded Public Works Programme (EPWP) uyingqophamlando ekuthuthukiseni osonkontilaki abasafufusa KwaZulu-Natali.

Ngiyazi ukuthi sekuphele isikhathi esingaphezu konyaka ngingenile kulo Mnyango kodwa angikaze ngithole isikhathi esanele sokuhlangana nosonkontileka bakaZibambele ngokuhlanganyela. Okuvame ukwenzeka nje kuba ngukuhlangana emgwaqeni lapho sisuke sethula ama-project emigwaqo ezindaweni ezahlukene zesifundazwe. Kodwa-ke ngiyazi ukuthi sesihambe ibanga elide kulo msebenzi kule minyaka eyedlule. Yingakho futhi kungijabulisa ukuthola leli thuba namhlanje njengoba sizobongela abafundi bethu.

UMnyango usutshale izigidi zamarandi ohlelweni lukaZibambele. Kulo nyaka nje uMnyango ufake imali engaphezulu kuka-R225 million emiholweni namathuluzi kuphela. Njengamanje sesikwazile ukuqasha osonkontileka abangu-40 000. Konke lokhu kucacisa kona ukuthi uZibambele usungule amathuba amaningi emisebenzi ikakhulukazi ezindaweni sazemakhaya lapho izinga lokuntuleka kwemisebenzi liphezulu.

Ngithanda ukudlulisa ukubonga okukhulu ezinhlakeni esisebenzisana nazo ezihlale ziqinisekisa ukuthi uma siya phambili sakha phezu kwesisekelo esiqinile njengoba silungisa isimo senhlalo-mnotho kubantu bakithi.

Siyazi futhi ukuthi baningi abebesigxeka bethi ngenxa yobuchwepheshe besimanje, izindlela zokusebenzisa abantu ngezandla azisalungile ngokudla isikhathi, imali eningi nomsebenzi ongekho ezingeni. Kodwa lapha eNingizimu Afrika sisakuphikisa lokhu. Sikhethe ngamabomu ufaka uhlelo lokusebenzisa abantu ngezandla luhambisana nokulwa nobubha ngoba siyazi ukuthi abantu bakithi yibona ababalulekile ekuqhubeni le misebenzi. Ukusebenzisa abantu ngezandla yikho futhi okusisiza ekuqeqesheni nokuthuthukisa abantu bakithi ukuze balungele impilo yamanje.

Manje, wonke umuntu uyavuma ukuthi lolu hlelo lukaZibambele ngaphansi kwe-EPWP luyindlela esikwazi ukubheka ngayo inqubekela phambili ekuthuthukiseni ikakhulukazi abesimame basemakhaya. Esimweni sesifundazwe esike sakhahlanyezwa izimpi zepolitiki nezimpi zemibango, manje osekuyi-HIV ne-AIDS, nginesiqiniseko sokuthi sonke siyayazi inkinga ebhekene nabesimame basemakhaya nomama okuyibona ikakhulukazi ababheke imizi. Eqiniswenі, abampofu kunabo bonke, esithi *poorest of the poor*, batholakala emizini ephethwe ngabesifazane.

Lezi zimo ezingenhla nomlando wakudala lapho abasifazane babengavumelekile ukuya ezikoleni bathole imfundo, yiko konke okusidalele izinselelo ezweni lethu. Yingakho namhlanje uthola sinaleli zinga labangakwazi ukufunda nokubhala ngaphakathi kosonkontileka bakaZibambele abadinga ukubhekwa ngokushesha.

Nawe ungacabanga ukuthi lokhu kubuhlungu kangakanani kosonkontileka abaphoqeleka ukuthi basebenze esikhathini samanje lapho kumele bakwazi ukufunda nokubhala, basebenze nangezinombolo. Isibonelo nje, kumele umuntu abe nezinga elithile lokukwazi ukufunda nokubhala ukuze enze okuthile ebhange.

Konke lokhu kubiza ukuthi uhulumeni aqhamuke namasu anjengalolu hlelo lwama-learnership ukuze kuvalwe igebe phakathi kwabonotho nabangenalutho. Yingakho-ke sithi namhlanje siyaziqhenya ukuthi ekulekeleleni oZibambele abayisibonelo ezweni uma kukhulunywa ngokuqeqesha nokuthuthukisa abampofu, uMnyango usiza osonkontileka bakaZibambele abayintsha ikakhulukazi ukuba bathole amakhono adingekayo.

Namhlanje sizohalalisela abafundi abangu-130 abaqhamuka kuZibambele nabangu-33 abaqhamuka kwamanye ama-project okwakha abathole ithuba lokuqeqeshwa ngaphansi kwe-Construction Contractor Learnership kwi-NQF Level 2 ne-NQF Level 4. Ngesikhathi kuqala lolu qeqesho uMnyango wawuthathe abafundi abangu-135 kuZibambele nabangu-33 kwamanye ama-project okwakha kodwa ngeshwa abahlanu badlula emhlabeni njengoba sesinabangu-163 esibahalalisela namhlanje.

Ngonyaka ka-2005 uMnyango wenza ucwaningo ngohlelo lukaZibambele wathola ukuthi u-15% wosonkontileka esibaqashile bayintsha. Olunye uphenyo lwaveza ukuthi abanye babo bawuphasile u-Grade 12 futhi bane-Maths ne-Science. Manje kwatholakala ukuthi le ntsha iyaphoqeleka ukuthi ingene kuZibambele ngenxa yezimo zasemakhaya lapho kokunye bengenabazali noma abazali abanamali yokubayisa ezikhungweni zemfundo ephakeme. Ngamanye amazwi le ntsha yayingasenalo ithemba lokubona izimpilo zabo ziba ngcono ngaphandle kokusebenza njengoZibambele.

NjengoMnyango-ke kwadingeka sizibuze ukuthi kuyoze kube nini umuntu on-18 noma ona-20 weminyaka yobudala ophase u-Matric one-Maths ne-Science kodwa esebenza kuZibambele. Sazibuza ukuthi yini okumele yenziwe. Uhlelo lwama-learnership lwabe seluba yimpendulo kule nselelo.

Uhlelo lwe-learnership lwenzelwa ukunikeza amakhono adingekayo entsheni esemkhakheni wezokwakha nalabo bantu abangaphansi kohlelo lukaZibambele nabano-matric.

Kuhloswe ngalo ukuthuthukisa amakhono okuphatha kosonkontilaki, kanti kubhekwa kakhulu lokhu okulandelayo:-

- Ukusungula nokuhlinzeka ezempilo endaweni yokusebenza;
- Ukuhlaziya kahle imboni yezokwakha nokwakheka kwayo, nohlelo lokuthengwa kwempahla, njll;
- Ukusebenza ngokwezisekelo zebhizinisi;
- Ukufaka amathenda omsebenzi wokwakha;
- Indlela yokuphathwa kwama-site lapho kusetshenzwa khona;
- Ukuhlela nokulawula umsebenzi wenkontilaki yokwakha
- Ukuveza ulwazi lokuqala nokuqhuba ibhizinisi

Kuyakhuthaza kakhulu-ke ukuthi ngenxa yalolu hlelo, abafundi kusukela manje sebezoba nezitifiketi ezisemthethweni namakhono abazowasebenzisa lapho besebenza khona.

Bafowethu nodadewethu, kubalulekile ukuthi ngedlulise ukubonga kwami ngalesi sikhathi kubafowethu bakwa-CETA nosonkontileka bakaZibambele ngobambisana noMnyango engiwuholayo uqinisekisa ukuthi konke lokhu kuba yimpumelelo. Ukubambisana kwalolu hlobo esithi njengezinhlaka zikahulumeni kumele kukhuthazwe ukuze kuphumelele uhlelo lwethu lwentuthuko edidiyele.

Ngiyathola lapha futhi ukuthi uMnyango usebenzise imali ebalelwa ku-R24 000 ngomfundi ngamunye kulolu hlelo. Lena akuyona neze imali encane futhi ziningi kabi izingane ebezingafisa ukuthola leli thuba. Imibiko evame ukutholakala kwamanye ama-learnership iveza ukuthi abanye abafundi badlala ngalo leli thuba eliyingqayizivele. Abanye bashiya kuphakathi ngenxa yokukhulelwa, abanye ngenxa yobunye ubudedengu njll.

Ngakho-ke ngifisa ukubonga abafundi ngokuzibophezela kwabo njengoba ngishilo ukuthi lena akuyona imali encane fakwe lapha. Ngalama-learnership senithole amakhono nolwazi oluzonenza ukuthi nizibambele mathupha ikusasa lenu, futhi esinethemba lokuthi nizokuba yingxenye yokwakhiwa komnotho wezwe lethu ekusebenzeni kwenu esikhathini esizayo.

Masibambane ngezandla embhidlangweni wokuthuthukiswa kwamakhono. Masilishumayele izwi siqinisekise ukuthi akukho msebenzi kaHulumeni, izinhlaka esisebenza nazo, abezindaba noma abazokuba abafundi bakusasa abangazi lutho ngoZibambele noma-learnership akhona njengoba kungokunye kwezinto eziletha ushintsho olucacile ezimpilweni zabantu.

Uma sengiphetha, ngifisa ukuqinisekisa bonke osonkontileka bakaZibambele ukuthi njengoHulumeni angeke sikuvumele ukubona lolu hlelo lubulawa yinoma ngubani ongaphakathi noma ongaphandle kukahulumeni.
Uhlelo lwethu lukaZibambele selwaziwa njengohlelo oluhamba phambili eNingizimu Afrika futhi manje seluyingxenye ye-Expanded Public Works Programme. Sesiyicabile indlela eNingizimu Afrika yonkana, ngakho-ke manje sidinga ukuthatha indawo yethu yokuba ngabaholi.

Okokugcina, kusijabulise kakhulu ukuthola ukuthi osonkontileka bethu bakaZibambele sebeqoqe isamba esingu-R12 million kuma-savings club abo. Emizamweni yokusimamisa ezomnotho kosonkontileka bethu, siyaqhubeka nokubeseka njengoba besungula imifelandawonye futhi njengamanje simatasa sibheka nezinye izindlela zokuthi le mali bangayisebenzisa kanjani.

Ngiyajabula futhi ukumemezela lapha ukuthi njengoMnyango sesikwazile ukubuyekeza imiholo kaZibambele njengoba ngenyanga kaDecember sizofaka u-R40 okuzokwenza imali kaZibambele manje ibe ngu-R510.

Kodwa sisakugcizelela ukuthi futhi njengamanje sakha amasu okuthi bakwazi ukuphuma kulolu hlelo lukaZibambele lapho ngelinye ilanga osonkontileka bezokwazi ukuthi siyabonga eMnyangweni manje sesiyakwazi ukuthi ukuzenzela imali ngaphandle kokuthembela emholweni kaZibambele. Kumele kakwazi ukuthi eMnyangweni sebeyakwazi ukuzimela ngokwabo bese bededela abanye ukuthi nabo bathole ithuba.

**Ngiyabonga**